Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com



**OKUQUKETHWE**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 18 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 22 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Amathunzi Ezintaba' | 18 | 26 |
| | | |
| 7.2 'Ingcebo Yezicebi Nezimpofana' | 17 | 28 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Nonkululeko' | 18 | 29 |
| | | |
| 8.2 'Sezibuya Inhlazane' | 17 | 31 |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-A no-B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Ngenxa yokuthi lesi sifo sesigcwele wonke umzimba, kuzofanele ngikugcabe onke amalunga ukuze insizi ihlangane ezinhlanganweni zomzimba ilwe nesifo. Emveni kokukugcaba, ngizokunika omunye umuthi wokuchatha nomunye ozowuphuza ukuze igazi ngilihlanze ngaphansi nangaphezulu. Uyabona mfo kaMkhumane lesi sifo sakho sinzima njengoba nawe uzibonela, ngakho-ke sidinga imithi yangempela hhayi into yokudlala. Ephusheni lami ebusuku, abakithi abangasekho bangibonisile imithi okufanele ngikwelaphe ngayo. Omunye wale mithi ukhona lapha kwelakithi nakuba uyingcosana nje. Eminye-ke kusafanele ngiyibhukulele ngihambe ngiyoyifuna ukuze ngiyithole. Omunye kufanele ngiwulande ePutukezi kwaLomahasha njengoba ngangike ngasho. Nalapho iyobe ingakapheleli ngoba abaphansi bathe ngiyithake ngesitho sangasese sowesifazane osemncane. Uyazi-ke nawe mfana ukuthi yinto elukhuni kanjani ukuthola zonke lezi zinto ezifunakalayo. Ngithi mangikwazise mfana ngaleli phupho, usize kube yisifuba sakho, wazi ukuthi engikwenzayo ngikwenzela ukusindisa wena. Into efike ingime ngqi njengesidwa ukuthi amakhosi athe loyo muntu wesifazane kungabi **umuntu ohambe ngesandla sami**, futhi kungabi umuntu ohambe ngokugula.' **Wayilanda** kanjalo umfo kaMbeje indaba yephupho lakhe. Into eyayimxaka ukuthi kazi sithondini uyovelaphi. Ngaleso sikhathi wayesefile uvalo uSandanezwe, ethuswa ukuthi kufanele kuhambe umuntu ukuze asinde.

[Isahluko sesi-3]

1.1 Kungani uMbeje wayebona kufanele amgcabe onke amalunga omzimba uSandanezwe? (1)

1.2 Ngokwalesi siqeshana, wawuzomsiza kanjani uSandanezwe umuthi wokuphuza nowokuchatha? (2)

1.3 Yini eyenza ukuthi uNtshingila angakwazi ukusiza uNonkamfela ngokumtholela isitho sangasese somuntu wesifazane? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uZabalaza akhethe uNomgedla ukuba kube nguye ofakela uNokulindela umuthi wentando. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.5 Igama elibhalwe ngokugqamile '**Wayilanda**' lichaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukuthetha kakhulu
B Ukuxoxa indaba
C Ukulalela ixoki
D Ukukhala kakhulu (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.6.1 UMzulazula | A Inkosi yesizwe sakwaMadlebe |
| 1.6.2 UMchunu | B Ubaba kaSandanezwe |
| 1.6.3 UZungu | C Isoka likaSebenzile |
| 1.6.4 UKhumbulani | D UMacingwane |

(4 x 1) (4)

1.7 Chaza amagama abhalwe ngokugqamile emgqeni we-15. (2)

1.8 Ngabe yini eyabangela ukuthi uSandanezwe acele ukuvakashela ekhaya ngesikhathi elashwa kwaMbeje? (2)

1.9 USandanezwe ungumlingiswa osemqoka kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Ucabanga ukuthi uSandanezwe wayethembekile kwezothando? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Ngikuzwa kahle nkosazana ngingadakiwe, yiqiniso impela le nto oyishoyo, kodwa-ke lokhu okwami kwehlukile, okothando kuphela hhayi ukubulala.' UZabalaza naye ezabalazela ukuzivikela.
'Uma kungewona owokubulala hleze ngingazama, nakhona sengihlulwa yikho nje ukuthi ungukanina kodwa kungenjalo bengingeke mpela mpela ngavuma. Nalapho kodwa kuyoncika ekuthini usizo alukho yini ngaphezulu kwamandla ami.'
Yamgqolozela intombi yalinda azokusho.
'Nkosazana ngizocela uqaphelisise ungalenzi iphutha nangengozi uphambanise le mithi engizokunika yona,' esho embhekisisa efuna ukubona ukuthi ngabe umuzwa kahle yini.
'Ngizocela lona uwufake ekudleni noma emanzini azophuzwa yintombi,' esho emnikeza ibhodlelana lokuqala. 'Lona wona kuzofanele uwuvuvuzele emanzini ezogeza ngawo intombi. Nakanjani kulena ngeke adabule, wena nje uqikelele ukuthi ingaphambani.'
Wamnikeza nebhodlelana lesibili.
'Sekukimina-ke ukuthi ngiyifaka kanjani le mithi noma ngivakashela kubo noma ngimbize azolala kithi ukuze ngithole kahle ithuba lokuyisebenzisa, nokho icebo seliyozakha. Hhayi, kodwa buyanihlupha ubushimane benu kanina ngoba bugcina sebufundise nathi ukuthakatha.'
'Wo-hhe! Kuyothiwani kanina ngoba kuphilwa ngakho ukusizana lapha ezweni.'
Baxoxa-ke base beyehlukana bethembisene ukubonana esikhathini esingengakanani kuzwakale ukuthi ngabe izinto zihambe ngalo yini uhlelo.

[Isahluko sesi-6]

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.11 Yini uZabalaza ayinikeza inkosazana ayexoxa nayo ngalolu suku? (1)

1.12 Bhala isibongo sikaZabalaza. (1)

1.13 Nikeza okufanayo phakathi kukaNonkamfela noMbuyisa. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.14 Enye yezindikimba ezitholakala kule noveli, 'ukuthembeka'. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

1.15 Isenzo sikaZabalaza nezinsizwa zangakubo sokuhlekisa ngokugula kukaSandanezwe silukhulisa kanjani udweshu kule noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Ukube wena wawunguSebenzile wawuyomeluleka uthini umngane wakho uNokulindela uma ekuxoxela ngenkinga yakhe noSandanezwe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.17 Ngokubona kwakho kwaba isenzo esihle yini ukuthi uNonkamfela angamtsheli uSandanezwe ukuthi isifo esasimphethe siyamehlula ukuselapha? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Xoxa ngekhono lombhali lokuqamba kahle umlingiswa onguNokulindela. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

UManyoba wasebenza eGoli iminyaka eminingi engakwazi ukuzijabulisa ngoba efundisa izingane zakhe, efuna ukuba zisebenze zinganceli isithupha njengaye. Engakayi ukuyofuna umsebenzi ePitoli, wake wahlaselwa ukufa okwamenza waphindela ekhaya. Wahlatshwa **izibhobo** zathi azimbulale, zaze zathi izinsizwa zangakubo kungcono abuyele ekhaya ukuze elashwe ngesiZulu ngoba becabanga ukuthi waphuzela okhambeni okwakuphehlelwa amanzi ngalo. Wahanjiswa ekhaya ngokushesha. Walashwa kodwa **kwanhlanga zimuka nomoya**, wabe eseyiswa esibhedlela. Wahlala izinyanga ezintathu zonke elashwa esibhedlela saseGreytown. Esengcono waphindela eGoli lapho ayesebenza khona. Wahlala unyaka wonke wayesethola umsebenzi ePitoli. Kwaba kubi impela ezinsizweni zangakubo esehamba eGoli, kodwa-ke kwakungekho ababezokwenza ngalokho ngoba babengeke balawule impilo yakhe. Wahamba kanjalo-ke eGoli. Engakashiyi iPitoli wafundela ukushayela izimoto ezincane, wazithola izincwadi zokushayela ngemuva kokukhulu ukwehluleka lokhu. Wajabula kakhulu ngoba uNdabazabantu wamnika umsebenzi wokushayela khona ngaphakathi efemini, ngemuva nje kwesikhashana esanda kuthola izincwadi. Ngemuva kwezinyanga ezimbalwa, wanikwa umuntu owayazi kahle indawo ukuze aqale ukuhambisa izimpahla ezindaweni lapho zifuneka khona. Lo msebenzi wamhambisa iPitoli neGoli lonke ngoba wayediliva izimpahla. Wawusebenza-ke lo msebenzi ngokukhulu ukuzimisela lokhu.

[Isahluko sesi-7]

2.1 Kungani uManyoba wayengakwazi ukuzijabulisa ngesikhathi esebenza eGoli? (1)

2.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uManyoba aphindele ekhaya okwesikhashana ngaphambi kokuyofuna umsebenzi ePitoli? (2)

2.3 Yini eyenza ukuthi uManyoba ashiye umsebenzi emayini eGoli emuva kwezinyanga eziyisishagalolunye kuphela eqashiwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uManyoba akhushulelwe esikhundleni sokusebenzisa umshini ongasemnyango efemini ayesebenza kuyo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.5 Ukuhlatshwa izibhobo kuchazani?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukuphathwa yisifo sofuba
B Ukugwazeka ngaphakathi emzimbeni
C Ukulunywa umzimba wonke
D Ukuphuza okhambeni olungafanele (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.6.1 UMirriam | A Inkosi yesizwe saseMaChunwini |
| 2.6.2 UNtombi | B Indodakazi kaManyoba |
| 2.6.3 USimakade | C Ushade noMaNgubane |
| 2.6.4 UNtombela | D UMaGatsheni |

(4 x 1) (4)

2.7 Chaza amagama abhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-7. (2)

2.8 Ngabe yini eyenza ukuthi uManyoba ashiye eMsinga ayozifunela eyakhe indawo eMdlovana? (2)

2.9 UManyoba ungumlingiswa osemqoka kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Ucabanga ukuthi uNtombi wayethembekile yini kwezothando? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

'Uthi ikholwa elibiza uninazala ngenuku esikhundleni sokumwashela, amncishe ukudla? Athi akahlukane nengane yakhe iphuma esipotini?'
'Cha! Mina …'
'Wena bani? Akuwena yini owawuthethisa umama wakho, uthi akahlukane nengane yakho? Usumlahlile umama wakho usuzomfuna lapha engekho khona. Sengathi angangatholakala ngimfunge ubaba esemathuneni, uyowukhomba umuzi onotshwala. Phuma lapha ngingaze ngi …' Asho athathe iketela elinamanzi abilayo. Waphuma ngelikhulu ijubane elandelwa iketela.
Wafika ekhaya wangawuvala umlomo ngendlela uMaNdlovu amtshele ngayo. Baqala ukuba bethuke manje, kwakufanele ukuba basuke ngaso leso sikhathi baye eMnambithi nabo bayofuna lapho becabanga ukuthi bakhona oyise nonina. Bahamba ubusuku bonke indodakazi yabo ingafuni ngisho ukubakhulumisa.
EThekwini uMjwayeli nomkakhe baya kulo muzi lapho uyise wayejwayele ukuya khona. Bathi bengena nje esangweni, indoda yavulela inja kwakhalwa ubumayemaye inja enkulu ibasukela, wayikhuza. Bacela ukukhuluma nayo, yathi abangene.
Baba ukungena nje endlini yababuza: 'Nginganisiza ngani?'
Kwaphendula uMchunu: 'Besicela ukubuza ukuthi ubaba evalelisa kinina akashongo yini ukuthi uyaphi?'
'Uthe uya eMnambithi. Nikushiso yini lokho?'
'Abafowethu ababatholanga esiteshini, bafike sebehlile esitimeleni.'
'Kanti ubaba wenu ngempela uMchunu naningamnakile nje. UMchunu ubehamba ngezinto ezinganakekelwe zonke izinsuku ukhona makoti?'

[Isahluko se-10]

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.11 Yini eyenza ukuthi uMaNene aphume ngelikhulu ijubane emzini kaMaNdlovu? (1)

2.12 Bhala isibongo sikaMjwayeli. (1)

2.13 Nikeza okufanayo phakathi kukaFanyana noBheki. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.14 Enye yezindikimba ezitholakala kule noveli, 'ukubekezela'. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

2.15 Isenzo sikaMaNene sokuhlukumeza umamezala wakhe silukhulisa kanjani udweshu kule noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Ukube wena wawungumakhelwane kaMjwayeli wawuyomeluleka uthini umakhelwane wakho mayelana nendlela ababephethe ngayo uMchunu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.17 Ngokubona kwakho ngabe kuyisenzo esihle yini ukuthi obaba balobolele amadodana abo njengoba kwenza uManyoba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.18 Xoxa ngekhono lombhali lokuqamba kahle umlingiswa onguThembaluhle. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3: *UMSHADO* – Nelisiwe Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Ekuseni babonana sebeya emsebenzini. Behlukana bevumelene ngokuthi uTholakele uzovakashela uBheki. Kazi unina uzothini! 'Sengobona khona,' kusho uBheki eziqinisa. Esikoleni wayengeneme neze uBheki. Nababethi bayamkhulumisa wayebeka amabili amathathu athule. Akayixoxanga eyokusha kwezimpahla zakhe. Waxoxa kodwa noSifiso.
'Isiyakutshela le ntokazi yakho ukuthi ifunde yagcina kwabani?'
'Ayishongo.'
'Wawungayibuzi ngani?'
'Yagcina ithi nje yayithanda ukuba uthisha kodwa akwalunga.'
'Ukuba uthisha?' Wabuza lo mbuzo uSifiso wahleka kakhulu.
Lwamcasula lolu hleko uBhekani wamshiya kanjalo uSifiso wahamba. Akahlalanga isikhathi eside, saphuma isikole. Wacabanga unina nempepho. Akaze asibona nje isikhathi sokushisa leyo mpepho.
Washeshe waqonda ekhaya uBheki sekuphuma isikole. Wayejahe ukuyobona ukuthi uwodilophu awusushile yini wona. Endleleni wacabanga ubumnandi abuzwe enoTholakele ngayizolo. Wayeze ahleke yedwa. Imicabango **imkhungathe** waze wayongena ekhaya. Aphuthume endlini yakhe. Aqalaze ngokushesha. Cha, zonke izinto **zimi ngomumo**. Aphume. Acinge unina. Amthole.
'Usibonile isivakashi sakho?'
'Cha, mama, siphi?'
'Ngena lapha endlini yokuphumula.' Angene esenyonyoba uBhekani. Athi ukujabula, ecabanga ukuthi kokunye uTholi uyammangaza. Avule umnyango. Hawu ubani lo ambonayo? Akhamise umlomo uBheki ebona le ntokazi.
'Hawu! Lindiwe.'
'Yimina impela Bheki. Kanti usaphila baba?'
'Ngiyaphila Lindi.'

[Isahluko sesi-3]

3.1 Kungani uBhekani wayephatheke kabi ngalolu suku? (1)

3.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyacasula uBhekani ngesikhathi exoxa noSifiso? (2)

3.3 Yini eyenza ukuthi uBhekani angakuthandi ukuya ezangomeni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uBhekani angasithengi isibhamu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.5 Igama elibhalwe ngokugqamile '**imikhungathe**' lichaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Imshaye
B Imbelesele
C Imbulale
D Imbalekele (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.6.1 ULindiwe | A Akezwani nento ebhedayo |
| 3.6.2 USifiso | B Unguthisha |
| 3.6.3 UMalume kaBhekani | C Udayisa izibhamu/oqhwasha |
| 3.6.4 UJazibomvu | D Usebenza noBhekani |

(4 x 1) (4)

3.7 Chaza amagama abhalwe ngokugqamile emgqeni we-18. (2)

3.8 Ngabe yini eyabangela ukuthi uTholakele angafuni ukuyolotsholelwa kubo? Nikeza amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 UBhekani ungumlingiswa osemqoka kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Ucabanga ukuthi uBhekani wayethembekile yini kwezothando? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Isikhathi sihambe. Lutho umakoti. Usecasukile manje uBheki. Umfundisi athi abangene manje abakwamkhwenyana. Bavume. Bangena nje uBheki uyazihudula. Yilokhu ebheka emuva into engapheli. Abone ukuthi kusobala ukuthi isu likaBhatomu lisebenzile. Axakwe ukuthi abasezi ngani ukuzobika uma kukhona ingxaki.

Kuzwakale umsinjwana phandle. Yibo oTholi. Abazilungisile bayaconsa. Ukhona noPamella. Akhululeke kancane uBheki. Umfundisi athumele ukuthi abangene ngokushesha. Nempela bangene. Kukikizelwe, kuchwaze esontweni.

Kube ukungena nje aqale umsebenzi umfundisi. Kuthi kuphakathi, kusukume uyise kaTholi, amemeze khona esontweni lapha: 'Ubani othathe ilobolo lalo makoti?'

Abantu babheke kulo baba omemezayo. Amehlo abomvu klubhu kulo baba. Bathi bayamthulisa athethe aye phambili. Alizwe leli zwi elibuzayo uBheki. Ezwe efikelwa umjuluko omncane. Kusobala ukuthi imali yakhe idliwe uZenze yonke. Uthe esalalele lokho, wasukuma uTholi waqonda ngqo kulo baba omemezayo. Weswela umgodi wokucasha uBheki. Umfundisi athi akuculwe. Licule ibandla. Afike uTholi athi ukukhuluma noyise, ahlale phansi uyise.

Athi efika eduze kukaBheki uTholi, abuze uBheki ukuthi ubeyothini kuyise.

'Kanti nalishonisaphi ilobolo Tholi?' Ubuza ngokuhleba ecasukile manje uBheki. Athi engakaphenduli uTholi umfundisi athi akuqhutshekwe. UBheki useyagula ephoxeka kangaka endaweni yakubo. Nokho aziduduze ngokuthi isiwombe esidlulayo nje lesi.

[Isahluko sesi-6]

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.11 Yini eyayixake uBheki ngalolu suku? (1)

3.12 Bhala igama lomngani kaTholakele. (1)

3.13 Nikeza okufanayo phakathi kukamama nomalume kaBhekani. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.14 Enye yezindikimba ezitholakala kule noveli, 'uthando lwemali'. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

3.15 Isenzo sikaBhatomu sokulwa noBhekani silukhulisa kanjani udweshu kule noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Ukube wena wawungumngani kaLindiwe, wawuyomeluleka uthini umngane wakho mayelana nenkinga ayebhekene nayo yokulahlwa nguyise wengane yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.17 Ngokubona kwakho kuyisenzo esihle yini ukuthi abazali bakhethele izingane zabo abantu abazoshada nazo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.18 Xoxa ngekhono lombhali lokuqamba kahle umlingiswa onguZenze. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

*(Seliya ngomutsha wendoda. UMaShezi uzihlalele endlini yokuphumula. Nomsakazo usholo maphansi. Uphenqaphenqa iphephabhuku. Khona manjalo kungene uDuma.)*

MASHEZI: *(ephakamisa ikhanda)* Sekunguwe njalo baba?

DUMA: *(sakuncokola)* **Ubuza ibhasi libhaliwe?**

MASHEZI: *(naye athi ukumamatheka)* Hawu! Kanti wena sewaba yibhasi? *(bahleke bobabili)*

DUMA: *(ahlale kwesinye isihlalo)* Uboshiwe ngempela uDlamini. Kusasa uzoya kobingelela imantshi.

MASHEZI: Ashile! Kuhle-ke uma eboshiwe. *(athule kancane)* Nginovadlwana kodwa mina baba.

DUMA: Kodwa! Kodwa! Uvadlwana! Yini manje?

MASHEZI: *(ngokuzithoba)* Baba! Igazi likaMbandlwa lichithekile, induna yaboshwa. Konke lokhu akusho lutho kuwe?

DUMA: *(ngolaka)* Uthini manje? Mina ngibona kuzobathambisa ukuboshwa kwenduna.

MASHEZI: *(aphakamise izwi, nomoya wakhe wenyuke)* Hhayi bo! Ubathatha kancane wena abantu bakule ndawo. Uyakhumbula ngesikhathi sodlame? Iningi labantu balapha bayayithanda inkosi futhi bayayihlonipha. *(ehlise umoya)* Baba, ngicela ukubone lokhu engikushoyo. Mina bengingacabangi ukuthi lesi simo sizoze sifike kuleli banga esesikulo. Uyabona, nenja uma ikhonkotha uke unganaki. Wethuke uphele uma isizifikela ngamazinyo kuwe. Baba, izwe lizobheduka. Mina ngibona kungcono wena uzehlise enkosini noma uyeke kwabona ubukhansela lobu.

DUMA: *(ethukuthela)* Hheyi! Hheyi! Kanti usudleni wena? Lezi zinto ozishoyo zombili angizamukeli! Lungamane luchitheke uphoko! Lutho mfazi! Ngeke!

MASHEZI: *(enyuke ngolaka naye)* Ubani umfazi weBafana? Ubiza mina ngomfazi? Wena awufuni ukuboniswa!

[Inkundla yesi-3]

4.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ZIYIQINISO noma AZILONA IQINISO. (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: IQINISO noma AKULONA IQINISO lapho kufanele khona)

4.1.1 Kulesi siqeshana uDuma utshela uMaShezi ukuthi induna iboshiwe. (1)

4.1.2 Abantu abaningi kule ndawo abayihloniphi inkosi. (1)

4.1.3 UMaShezi utshela umyeni wakhe ukuthi kumele azehlise enkosini uShandu. (1)

4.1.4 UDuma wakwemukela konke akwakushiwo uMaShezi ngalolu suku. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.2 Chaza ngesigameko esaholela ekuboshweni kukaDlamini. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.3 Amagama abhalwe ngokugqamile athi '**ubuza ibhasi libhaliwe**' achaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukubuza into esobala
B Ukubuza into engekho
C Ukubuza ngezinto zokuhamba
D Ukuzibuza uziphendule (1)

4.4 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.4.1 UFohloza | A Inkosikazi kaDlamini |
| 4.4.2 INdabuzekwayo | B Umfundisi wendawo |
| 4.4.3 UMazongolo | C Unogada wenkosi |
| 4.4.4 UMzizi | D Umhlangano wentuthuko |
| 4.4.5 UMaMsomi | E Lwalungafakwa lubuya nodaka |

(5 x 1) (5)

4.5 Bhala uchaze ukuthi kulo mdlalo isimo sezombusazwe sabaqhatha kanjani abalingiswa? (2)

4.6 Yiliphi iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uMbandlwa kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.7 Chaza lezi zihlokwana ezilandelayo ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

4.7.1 Isizinda sendawo (2)

4.7.2 Umsebenzi womlandi (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA H**

*(Ntambama emzini wenkosi. UShandu uhleli nomkakhe, bayaxoxa.)*

SHANDU: MaNgema, angikuphikisanga mhlazana uzama ukuthi ngimbize uDuma. Yebo, ngakwenza lokho kodwa akusebenzanga. Manje, uthi angenzenjani-ke futhi?

MANGEMA: Baba, ngizoqala ngokukubonga ngoba wangilalela yize nje wawunalokho kungabaza. Khona akukho osengakwenza. Angazi kodwa, sengethembele enhlanganweni yakhe uDuma ikakhulu labo abasezihlalweni eziphezulu kulesi sifundazwe. Kwanginika ithemba ukuthi isikhulu soMnyango wezendabuko sakuthembisa ngokuthi sizobikela abenhlangano yakhe emazingeni aphezulu.

SHANDU: Hhayi-ke bandla, masethembe bona osopolitiki. *(athule kancane)* Uyabona, ukube kuseyisendulo, bengizomane ngimdingise uMbandlwa ngoba nguye oyimpethu.

MANGEMA: Khohlwa-ke baba. Njengoba sekubonwa ngentando yeningi nje, ngeke uyilinge leyo nto. Kwabanye abantu intando yeningi isho ukuthi kufanele umuntu alifune ilungelo lakhe bese naye enikeza abanye elabo ilungelo.

SHANDU: Uyakhuluma lapho MaNgema. Kafushane nje singathi, konke esikwenzayo kufanele kuncike kuthatha-nika. Uma wena uthatha nje kwaphela kodwa unganiki, uyayibulala intando yeningi. *(banqekuzise amakhanda bobabili, bevumelana)*

**(Phandle kukhuleke induna uDlamini.)**

DLAMINI: Ndabezitha! Ndabezitha!

SHANDU: Ngena Mzizi!

**(Angene uDlamini. Iphepha aliphethe ngesandla alibeke phambi kwenkosi bese ehlala phansi.)**

DLAMINI: Ngiyanibingelela Ndabezitha.

SHANDU: *(ufunda iphepha ngesikhathi ekhuluma)* Yebo Mzizi.

[Inkundla yesi-7]

4.8 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

4.9 Ngubani uMzizi? (1)

4.10 Lo mdlalo uyimbangalusizi/imelodrama. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Wayeqonde ukuthini uSayitsheni ngokukhuluma la mazwi alandelayo kuDuma?

'Amakhansela afana nawe vele ayehluleka ukwenza umsebenzi wawo ngoba ayajiyelwa ngukuthi indawo yaseMlazi ayifani nendawo yasemakhaya enenkosi.' (2)

4.12 Chaza ukuthi lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.13 Ngabe ukuziphatha kukaDuma kuyahambisana yini nendlela umholi okhethwe ngabantu okufanele aziphathe ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.14 Uyavumelana yini nokuthi esingenisweni salo mdlalo uMaShezi uvezwe njengomuntu oyihloniphayo inkosi yendawo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.15 Ncoma impumelelo yombhali ekuphetheni lo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

MBHELE: Yini ngisole sengathi udinga okuzokunika umfutho wokukhuluma nje sisi?
SONTO: Umfutho wani manje Mphemba?
MBHELE: *(Ekhuluma kunyuke izwi.)* Hhayi bo! Kanti lowaya muntu akangenanga yini lapha endlini?
SONTO: Hhayi bo! Uma usungithethisa kangaka izothini manje ingane?
MBHELE: Nakhu ngigulelwa unkosikazi ephathwa izindlebe bo! Umbuzo wami uthi kanti lowaya mlisa akangenanga yini lapha endlini? Musa-ke ukungitshela indaba yoZinhle abazothini lapha. Ngiphendule-ke. Akangenanga umlisa wesibhamu?
SONTO: Ungenile.
MBHELE: Wafike wathini?
SONTO: Kukhona amfunayo.
MBHELE: Sonto, wakhulumisa okwengane nje? Chaza konke okufanele ngikwazi.
SONTO: *(Ekhuluma engazwakali.)* Hhayi, uthe kunabafana abajahayo, manje ubebheka ukuthi abangenanga yini lapha.
MBHELE: Ukuze ilunge le nto ake ngithinte abomthetho bazoyilungisa yonke le nto. *(Akhiphe iselula ephaketheni)*
SONTO: Cha! Sithandwa sami asikho isidingo. *(Abambe isandla sikaMbhele esineselula.)*
MBHELE: Yini ndaba sengathi kukhona okufihlayo nje sisi?
SONTO: *(Ezikhalikhalisa)* Akukho myeni wami. Ukuthi isibhamu saleya ndoda singithuse kakhulu. Ngisadidekile namanje ingakho kungathi angazi ukuthi kumele ngithini. Manje amaphoyisa azongibuza imibuzo eminingi. *(Washo **esikhihla isililo**.)*
MBHELE: *(Afake iselula ephaketheni bese anga uSonto.)* Ubungasho ngani sonke lesi sikhathi ngize ngikuthethise kangaka s'thandwa sami?
SONTO: *(Eciphiza)* Ngisadidekile namanje Mphemba wami.

[Inkundla yoku-1]

5.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ZIYIQINISO noma AZILONA IQINISO. (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: IQINISO noma AKULONA IQINISO lapho kufanele khona)

5.1.1 Kulesi siqeshana uMbhele ubuza uSonto ngomlisa ongene emzini wabo ephethe isibhamu. (1)

5.1.2 Ubaba uNtanzi wafika emzini kaMbhele ngalolu suku ezofuna imali yakhe kuSonto. (1)

5.1.3 USonto wayengafuni ukuthi uMbhele abize abomthetho. (1)

5.1.4 Kulesi siqeshana sithola ukuthi uMaNtuli wagula isikhathi eside ephethwe isifo sofuba. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.2 Chaza ngesigameko esaholela ekuboshweni kukaMaNsibande. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.3 Amagama abhalwe ngokugqamile athi '**esikhihla isililo**' achaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukukhala kakhulu
B Ukukhuluma kakhulu
C Ukuthetha kakhulu
D Ukuhleka kakhulu (1)

5.4 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.4.1 UZondo | A Umakhelwane kaMbhele |
| 5.4.2 UToronto | B Ingane kaMbhele |
| 5.4.3 UZinhle | C Umfundisi wendawo |
| 5.4.4 UNtanzi | D Isigebengu |
| 5.4.5 UDlamini | E Wayesebenza ebhange |

(5 x 1) (5)

5.5 Bhala uchaze ukuthi kulo mdlalo isimo sokuthanda imali sabaqhatha kanjani abalingiswa. (2)

5.6 Yiliphi iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uNhleko kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.7 Chaza lezi zihlokwana ezilandelayo ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

5.7.1 Isizinda sendawo (2)

5.7.2 Umsebenzi womlandi (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA J**

*(UNhleko akamile nophenyo. Usekufune kubo kaSonto waze wakuthola. Namuhla uya kwaMaMkhize, unina kaSonto.)*

NHLEKO: *(Ngenhlonipho)* Siyakubingelela ntombi endala bo.
MAMKHIZE: Ninjani mntanami?
NHLEKO: Siyaphila mama.
MAMKHIZE: Nami ngiyaphila, ngena nje mntanami ungesabi. Hlala, nazi izitulo.
NHLEKO: Ngiyabonga ntombi endala.
MAMKHIZE: Ningivakashele ngani-ke ndodana?
NHLEKO: Mina ngingumseshi uNhleko.
MAMKHIZE: *(Ngokwethuka)* Kanti uyiphoyisa. Kwenzenjani, nginecala yini?
NHLEKO: Cha mama, akonakele lutho, ngizofuna nje indodakazi yakho uSonto.
MAMKHIZE: *(Emangala)* Kwenzenjani?
NHLEKO: Akukho lutho, kukhona nje ulwazana esilufuna kuye.
MAMKHIZE: Anazi yini emzini wakhe?
NHLEKO: Ngiphuma khona, akukho muntu. Bengicabanga ukuthi mhlawumbe kungenzeka ukuthi uvakashele ngapha.
MAMKHIZE: Cha, impela mntanami ubengakafiki ngapha.
NHLEKO: Wena umgcine nini uSonto mama?
MAMKHIZE: Hhawu! Angisamazi impela umntanami, sekuyophela unyaka manje.
NHLEKO: Uqinisekile Ntombi endala? Usho ukuthi akakaze azokubona ugula khona muva nje?
MAMKHIZE: *(Ehleka)* Mina ngigula, hhayi, angisiyo nje loyo nhlobo. Ngagcina mina ukugula ngiye emngcwabeni kamfowethu ngingenwe amakhaza ngonyaka ophelile. Angigulaguli mina.
NHLEKO: Ukukhuluma naye ugcine nini mama?
MAMKHIZE: Cha, ucingo yinto avamisile ukuyishaya noma sekuyisikhathi agcina, kepha yena uvamisile. Hhayi bo! Wase ungibuza imibuzo engaka kanti nimfunelani umntanami emaphoyiseni?

[Inkundla yesi-2]

5.8 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

5.9 Ngubani uMaMkhize? (1)

5.10 Lo mdlalo uyimbangalusizi/imelodrama. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.11 Wayeqonde ukuthini uMaNsibande ngokukhuluma la mazwi alandelayo kuSonto?

'Siyabonga. Ngijabulela nje ukuthi uNkulunkulu uyizwile imithandazo yethu, umfundisi usezongikhulula.' (2)

5.12 Chaza ukuthi lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.13 Ngabe ukuziphatha kukaMthofi kuyahambisana yini nendlela umuntu ophume ngoshwele ejele okufanele aziphathe ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.14 Uyavumelana yini nokuthi esingenisweni salo mdlalo uSonto uvezwe njengomuntu othembekile? Sekela impendulo yakho. (2)

5.15 Ncoma impumelelo yombhali ekuphetheni lo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| THABI: | Bengicabanga ukuthi ukuba kuyenzeka; besizovele sithi shada nobhuti uDumisani. Into kodwa sengathi usemncane futhi-ke angazi yena le ndaba angayithatha kanjani. |
| THENJIWE: | Uyazihlanyela nje ngaleyo ndaba Thabi. Bathi likhona isiko elinjalo elalisebenza kuqala; nokho-ke selaphelelwa yisikhathi. |
| THABI: | Noma selaphelelwa yisikhathi, kodwa phela ngoba siyalidinga lapha ekhaya, besizolivusa. |
| THENJIWE: | Livuselwe mina? |
| THABI: | Cha phela ngabe sizama ukulungisa isimo sisi. |
| THENJIWE: | Ngikutshele kahle ukuthi akukho muntu engiyobe ngisamthanda manje mina. Uyangibhedela nje-ke wena uma ukhuluma ngoDumisani. Ngingenzani nje ngaye? Uyingane kakhulu futhi kunami. |
| THABI: | Mina ngizoke ngikhulume naye uma esefikile. |
| THENJIWE: | Sizoxabana uma ulokhu ubelesele ngale ndaba Thabi. Uyangizwa? Uma ungasazi ukuthi uzothini kimi, phuma lapha. Kungcono ungishiye **ngiziqhathele umunyu**. Siyezwana? |
| THABI: | Ngiyaxolisa sisi. |
| THENJIWE: | Ungajwayeli ukuzongibhedela la uyezwa! Sengathi ubuye ukhohlwe ukuthi angisiye untangayenu. |
| THABI: | Ngicela uxolo sisi. Bengizidlalela mina. |
| THENJIWE: | Udlala noba? Uhlekisa ngami ngoba ngifelwe yindoda yami. Uhlekisa ngami. |
| THABI: | *(Aphume)* |
| THENJIWE: | *(Ukhuluma yedwa)* Le ngane bengithi izongiduduza kanti izongisanganela. Ibona ukuthi mina ngisengumuntu wamasoka okungena nokungenwa. Iqambe ishilo. Ngizoyifundisa ikheli. Mina senginqume ukuba wumfelokazi isibili. Angisafuni ndoda eduze kwami. *(Athule kancane)* Wangishiya kabuhlungu uMntungwa madoda. Sengidlala izingane kanje? |

[Inkundla yoku-1]

6.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ZIYIQINISO noma AZILONA IQINISO. (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: IQINISO noma AKULONA IQINISO lapho kufanele khona)

6.1.1 Kulesi siqeshana uThabi utshela uThenjiwe ukuthi ukuba kuyenzeka; bebezovele bamshadise noDumisani. (1)

6.1.2 Ngalolu suku uMaMbatha watshela uDumisani ukuthi kumele athathe uThenjiwe amenze unkosikazi wakhe wesibili. (1)

6.1.3 UThenjiwe akahambisani naleli siko lokungenwa. (1)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.1.4 Kulesi siqeshana sithola ukuthi uMntungwa wagula isikhathi eside ephethwe isifo sofuba. (1)

6.2 Chaza ngesigameko esaholela ekuboshweni kukaSipho. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.3 Amagama abhalwe ngokugqamile athi '**ngiziqhathele umunyu**' achaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ukucabanga …

A ngezinkinga zakho.
B ngempumelelo yakho.
C ngomngane wakho.
D ngohambo lwakho. (1)

6.4 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.4.1 UMaNzuza | A washona ngodlame |
| 6.4.2 UMaMkhize | B ingane kaZungu |
| 6.4.3 UThabi | C umakhelwane kaMaMbatha |
| 6.4.4 KwaDubazane | D umama kaNondumiso |
| 6.4.5 USikhumbuzo | E balenza isiko lokungenwa |

(5 x 1) (5)

6.5 Bhala uchaze ukuthi ukuphoqelela isiko lokungenwa kulo mdlalo kubaqhatha kanjani abalingiswa? (2)

6.6 Yiliphi iqhaza elibanjwe ngumlingiswa uMondise kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.7 Chaza lezi zihlokwana ezilandelayo ubhekise kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

6.7.1 Isizinda sendawo (2)

6.7.2 Umsebenzi womlandi (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA L**

*(Kusezitolo, kuhlangana uGugu noThenjiwe)*

GUGU: *(Ememeza)* Hawu mngani wami kodwa usucasheleni kangaka?
THENJIWE: *(Eqalaza)* Hawu kanti uwena Gugu. Phela wena usuyangizonda manje.
GUGU: Angikuzondi mngani bengithi nawe uyoke uthuke uphuma uzongicinga ngakithi. Kanti wena awukhathali yini ukuhlala ekhaya?
THENJIWE: Phela mina angihleli ekhaya ngoba ngithanda ngizilile. Wena ufuna ukungihlanganyela nalolu sizi.
GUGU: Ungathi ngikuhlanganyela nosizi mngani wami. Ziningi kabi izinto ezingibambayo ekhaya. *(Ambuke)* Kodwa cishe usuhleli kahle manje ngibona sengathi usunonophele.
THENJIWE: *(Ehleka)* Kodwa kukhona ukunonophala komuntu ezilile. Okokuqala nje indlela yokuya ekhaya ngibona sengathi ayikhanyi kahle.
GUGU: Kahle wena? Mina bengithi bayakuzwela manje abazali bakaSikhumbuzo.
THENJIWE: Lutho dade. Hhayi, into ababelesele ngayo yiwo amasiko lawo. Uyazi sengizonda ngisho nalowo muntu owadala lelo siko.
GUGU: Konje wathi bathi ukhona umfowabo kaSikhumbuzo?
THENJIWE: Basho njalo impela. Kodwa okungixakayo ukuthi uDumisani sengathi akayingeni leyo ndaba.
GUGU: Usuke wabonana yini naye?
THENJIWE: Sesike sabonana ndoda.
GUGU: Uyeshela yini naye?
THENJIWE: Cha akayi nangakuya ngalapho. Eqinisweni uye yedwa engibona sengathi angavumelana nokuthi ngiye ekhaya.
GUGU: *(Edonsa umoya)* Kwangcono mngani wami. Mina uyena ebengimesaba ngithi uzothi nje wadla ngomashudula wentokazi.
THENJIWE: *(Ehleka)* Umashudula wani kodwa Gugu?
GUGU: Ha! Ungazenyezi phela mngani wami. Kanti uthi yini abazali bakaSikhumbuzo bekulandele kangaka bangafuni uhambe.
THENJIWE: Uyazi mngani wami bengithi uzongicebisa ngamasu ngempela.

[Inkundla yesi-2]

6.8 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

6.9 Ngubani uGugu? (1)

6.10 Lo mdlalo uyimbangalusizi/imelodrama. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Wayeqonde ukuthini uNondumiso ngokukhuluma la mazwi alandelayo kuZungu?

'Ngisuswe yilokho phansi mina Manzini, ngicabanga ukuthi isiko lisebenza kahle uma kukhona ukuzwana. Angiboni ukuthi lingaphoqelelwa ngenkani.' (2)

6.12 Chaza ukuthi lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.13 Ngabe ukuziphatha kukaMaMbatha kuyahambisana yini nendlela umuntu ongumamezala okufanele aziphathe ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.14 Uyavumelana yini nokuthi esingenisweni salo mdlalo uThenjiwe uvezwe njengomuntu ohambisanayo nesiko lokungenwa? Sekela impendulo yakho. (2)

6.15 Ncoma impumelelo yombhali ekuphetheni lo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Amathunzi Ezintaba' ebhalwe ngu-NAP Khumalo
- 'Ingcebo Yezicebi Nezimpofana' ebhalwe ngu-MJ Mngadi

**UMBUZO 7: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfishane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye ungalisebenzisa njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

7.1 **'AMATHUNZI EZINTABA' – NAP Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

Sabambana kwaze kwaphela isikhathi eside. Emva kwalokho ngabuye ngaqhubeka, 'Eminyakeni emihlanu sithandana angikaze ngiphazame ngawe emoyeni, Mntakwethu. Ngakho-ke ngithi angisobe ngamthola omunye ongasivala lesi sikhala sakho. Wabavuthulula bonke enganginabo ngentobeko nangokubekezela kwakho. Namuhla sewumi wedwa ukhanyise kuhle kwelanga lona likufiphaza konke ukukhanya kwezinkanyezi, libuye ligqamise noma lifiphaze inyanga.'

Akaze aphendula uNomkhosi. Zehla izinyembezi.

Ngaqhubeka, 'Sengikukhiphile okusenhliziyweni yami. Ngakho-ke sekusele ukuba lokho engikufisayo nengikushilo ngikufeze ngaphandle kokwenza iphutha.'

'Ngiyabonga Sithandwa sami.' Zehla futhi kuNomkhosi. Ngake ngathula, ngamnika ithuba ukuba akhale azenelise. Nempela wachiphiza, wachiphiza kwaze kwasala sona isibibithwane, elokhu ezesula.

Ngase ngithatha ngithi, 'Kube kuhle Nomkhosi ukuhlangana kwethu, nakuba ekugcineni kulethe izinyembezi. Ngiyazi ukuthi yizinyembezi zenjabulo. Okuhle kakhulu ukuthi sengikufezile ukubhoboza okusesifubeni sami, isikhathi eside. Ngizokubona nini futhi?'

'Angazi phela Siziba.'

'Ngicela ukukubona futhi kusasa ntambama.'

'Sizohlangana Sithandwa. Ngizoliphemba lelo thuba lokuba ngikubone kusasa.'

'Sizohlangana selithambeme elakusasa phansi komnyezane enhla nomthombo wamanzi. Ngifisa ukuba ngikuthukululele ifindo lokuthi siyobathumela nini **abakhongi**. Okwamanje sisayogonyoza siphethe leyo mbenge nawobaba, ngoba bese siyaluka. Sekusele nje ukuba kumiswe usuku. Kuyoba kuhle ukuba wazi nawe, ulindele.' Ngambamba ngamqinisa.

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.1 Ngokwalesi siqeshana, singakanani isikhathi umxoxi/umlandi wendaba ethandana noNomkhosi? (1)

7.1.2 Kulesi siqeshana, tomula umusho ositshela ukuthi umxoxi/umlandi wendaba wahlukana nazo zonke ezinye izintombi ayethandana nazo. (2)

7.1.3 Yini lena umxoxi/umlandi wendaba ayitshela intombi yakhe nemenza ukuthi akhale uNomkhosi? (2)

7.1.4 Ngokwalesi siqeshana babezohlangana kuphi oNomkhosi nesoka lakhe ngakusasa? (2)

7.1.5 Igama elibhalwe ngokugqamile elithi '**abakhongi**' lichaza ukuthini?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Abaphelezela umakoti uma eseyoshada
B Abaphelezela umkhwenyana uma eyoshada
C Abamela umkhwenyana uma kuxoxwa ngelobolo
D Abagada umkhwenyana anganyamalali ngosuku lomshado (1)

7.1.6 Chaza ngokwenzeka esiphethweni sale ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.7 Kwakufanele yini umxoxi/umlandi wendaba ahlawuliswe ngokushona kukaNomkhosi? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Ngabe umbhali wale ndaba uwulandelile yini umgomo wenani labalingiswa bendaba emfushane? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.9 Ngabe umbhali wale ndaba ubefuna ukusifundisani ngayo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

7.1.10 Umbhali ulisebenzise ngempumelelo isu lokujeqeza emuva kule ndaba. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.2 **'INGCEBO YEZICEBI NEZIMPOFANA' – MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Wanele wamshiya uMgcineni uValerie wabuyela endlini, ekamelweni lakhe lokulala ayenele aphume nje kulo lendlulwe kabusha. Wavula isikhwama sakhe wakhipha i-alibhamu encane wayesezishaya embhedeni, eyiqhekeza eyibuka. Wakhala zaphophoza izinyembezi lapho ebuka abazali bakhe ababomile egazini, bentekenteke. Wayehluleke esebafumbela ngemali nokudla, kepha beze badlula emhlabeni bengeneme. Wavula esesoka lakhe. Wayehlangane nalo liyinsizwa uqobo lwensizwa. Lase liwuqhaqhavana lapha esithombeni olwalubukeka ludangele, ludikibele. Lase lashona isoka, lazibulala. Amehlo esemvimbi wezinyembezi, wavula elinye ikhasi. Kulo kwakunezithombe zomndeni, ezinye besesontweni. Wayegcine ukulandela enkonzweni eseyingane. Wathinteka emoyeni wezwakala ethandaza ezicelela yena noMcCall ukuhlahlanyeliswa ngesihe nomusa.

Emuzwa uThandekile ekhuluma yedwana, wangena. A, wayethandaza kanti eguqe embhedeni. Waguqa naye uThandekile eduze kombhede, wacimeza waze waphela umthandazo.

'Ngizocela ungisize Thandekile ubatshele ukuthi uma kwenzeka eshaya ucingo uDave, ngibizwe. Ngifisa ukumazisa ukuthi sengiyawubonga wonke lo mbuso angibusise ngawo. Angizuzanga ntokozo. Ukuphuza ebha yesicebi lokhu okwenza ukuba ngisuswe entokozweni yokwenama osizini ngilethwe lapha endumalweni yokubusa.'

Wazidela uThandekile wathi, 'Kodwa Mesisi uma umbuza nje uMnu. McCall ukuthi uyoze aganwe nini aziphumuze kule mpilo ebuhlungu kangaka, uyaye athini?'

'Umi nje ekutheni isikhathi somunye umuntu akanaso.' Wathunukala emoyeni wakhala.

7.2.1 Ngobani izisebenzi zakwaMcCall EZIMBILI okukhulunywe ngazo kulesi siqeshana? (2)

7.2.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayenziwa izisebenzi ekamelweni likaValerie uma ephuma nje? (1)

7.2.3 Lashona kanjani isoka likaValerie? (2)

7.2.4 Chaza izinto EZIMBILI uValerie noMnu. McCall abavumelana ngokuzenza ukulungisa amaphutha ababewenzile empilweni. (2)

7.2.5 Bhala OKUKODWA okufanayo uma uqhathanisa isithombe sabazali bakaValerie nesesoka lakhe. (2)

7.2.6 Umbhali uyiphethe kahle le ndaba. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

7.2.7 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)

7.2.8 Ngokubona kwakho yikuphi okubalulekile phakathi kokuba yisigwili nokuba nomndeni okuthandayo? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**NONKULULEKO – Nomthandazo C Makhanya**

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Kad'ufunwa nkalo zonke,
Imilomo ingavalwa ngawe,
Ufunw'ezintabeni zasemaweni,
Ufunw'emagqumeni nasezigodini,
Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
Wafunwa kuyo yonk'i-Afrika,
Wafunwa kuyo yonk'i-Eshiya,
Wafunwa kuyo yonk'iYurophu,
Wafunwa kuyo yonk'iMelika.

Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
Ukufika kwakho kuleth'intokozo.
Yesul'izinyembezi zeminyaka,
Namuhla sisin'umphiqilo,
Sishay'indlamu, sichway'uchwayo,
Sisin'umphendu, sisin'umqokozo.

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Ulindwe ngokukhul'ukubekezela,
Ulindw'abanewenu bozalo,
Beguquk'imilalandle kweziny'izinkalo,
Begqok'izinxibi kwamany'amagquma,
Baguquk'iziduli zaphakade kwelemiphafa.

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
Ewukukhanya kwaphakade.
Ubukhona bakho bash'ukuhlabana
Okuyosala kungumlando waphakade.

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Uzel'uNokuthula sethaba,
Wazal'uNtuthuko sethaba,
Wazal'uNobuhle sethaba
Wazal'uNolubambiswano sethaba;
Phila njalo ntokaz'enhle!

Downloaded from Stanmorephysics.com


Nonkululeko ntokaz'enhle,
Mana njalo kuleyo nqubo,
Qhubeka njalo kuleyo migomo,
UNolucwasano mfak'inhlanekela,
UNoluphithano mkhomb'indlela,
UNomaqili mfundis'isifundo.

8.1.1 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| (a) | Ufunyenwe | A | ukudideka |
| (b) | Siphalaphala | B | ubandlululo |
| (c) | UNoluphithano | C | owesifazane omuhle |
| (d) | UNolucwasano | D | utholakele |

(4 x 1) (4)

8.1.2 Tomula imigqa enokuxhumana esitanzeni soku-1 bese udwebela amagama akhomba ukuxhumana. Shono uhlobo lokuxhumana. (2)

8.1.3 Nikeza amagama ezindawo EZIMBILI lapho kufunwe khona inkululeko. (2)

8.1.4 Bhala umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (2)

8.1.5 Caphuma umugqa onesizura/isikhawu esitanzeni sesi-3. (2)

8.1.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo osobala oqukethwe isitanza sesi-5. (2)

8.1.7 Ithini indikimba yale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

8.1.8 Ucabanga ukuthi yini inhloso yembongi yokusibhalela le nkondlo? (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**SEZIBUYA INHLAZANE – SB Mlambo**

Sezibuy' inhlazane
Sekugqigqwa namagula
Sekuyisikhathi sokukleza.

Kusesibayeni solwazi
Kusengwa amahinikazi
Kusengwa izigqala.

Kuyaphithizela ubuyaluyalu
Ayagcwala amathunga kuyathululwa.
Kwabanye ziwakhahlel'egcwele.

Kusesibayeni solwazi
Sengathi ngumbondo neminjonjo
Bazozuza selithambama.

Asebegcwalisile bayayikizela
Sebeyeke imiyeko yokunqoba
Imiyeko bayithole sebeqedile.

Izehluleki seziyabanyonkoloza
Zibabeka izici bengenazo
Kuthiwa bayazidla!

Sebezizuzele izaqheqhe
Abasayikwephucwa muntu!
Yisinkwa sabo!

Nani enisashay' umphehlu
Yalelani nabanye abantu
Ngamaqhinga okusenga le nkomazi.

8.2.1 Ngabe isihloko sale nkondlo sichaza ukuthini? (2)

8.2.2 Ukwenzenjani ukukleza? (2)

8.2.3 Bhala imigqa EMIBILI efakazela ukuthi kulesi sibaya imbongi ekhuluma ngaso kusengwa lonke uhlobo lwezinkomazi. (2)

8.2.4 Ngokomqondo ocashile wale nkondlo, sizathu sini esenza imbongi ibize isikole ngesibaya solwazi? (2)

8.2.5 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala emgqeni we-11? (1)

8.2.6 Shono ukuthi uphawu lokuloba emgqeni we-18 luwulolonga kanjani umqondo walokhu okushiwo yimbongi kulo mugqa? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.7 Chaza umoya wale nkondlo. (2)

8.2.8 Ngokubona kwakho yini okufanele yenziwe umuntu ukuze azuze izaqheqhe esibayeni solwazi? Bhala kube KUBILI. (2)

8.2.9 Uyavumelana yini nalokhu okushiwo yimbongi emgqeni wama-20? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: INOVELI**

***ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa**

**UMBUZO 1**

**ISIQESHANA A**

1.1 Ukuze insizi ihlangane ezinhlanganweni zomzimba ilwe nesifo.√/Ngenxa yokuthi isifo sesigcwele wonke umzimba. √ (1)

1.2 Wawuzokwenza igazi lihlanzeke ngaphansi nangaphezulu. √√ (2)

1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
UNtshingila wayengakwazi ukusiza uNonkamfela ngoba:
- Izidumbu zazingasahlinzwa lapho ayesebenza khona, zase zithunyelwa eNgwelezane. √/
- Abelungu ababesanda kuqala emsebenzini babeqaphelisisa. √/
- Kwase kunefomu eligcwaliswayo uma umuntu ezolanda isidumbu somuntu wakubo eliqinisekisa ukuthi usithole sinjengoba asishiya yini. √ (2)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UZabalaza wayemthemba uNomgedla. √/
- Babehlobene ngokwegazi. √/
- UNomgedla wayeyiqhikiza likaNokulindela ngakho-ke kwakungeke kusolise uma emvakashela kubo. √ (2)

1.5 B√/Ukuxoxa indaba. √ (1)

1.6 1.6.1 B√/ Ubaba kaSandanezwe. √ (1)

1.6.2 D√/ UMacingwane.√ (1)

1.6.3 A√/ Inkosi yesizwe sakwaMadlebe.√ (1)

1.6.4 C√/ Isoka likaSebenzile.√ (1)

1.7 Umuntu ubulawe yimi. √√ (2)

1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USandanezwe wayefisa ukuyobabona ekhaya. √√/
- Wayefisa ukuyobona uNokulindela njengoba wayehambe engavalelisanga kuyena. √√/
- Wayefisa ukuyolanda nenkokhelo eyayisasilele ekulashweni kwakhe. √√/
- Yayingekho inqubekela phambili ekwelashweni kwakhe ngoba kwakusalindwe imithi eyayizolandwa ePutukezi kwaLomahasha. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indaba yonke kusukela ekuqaleni esingenisweni ikhuluma ngaye nenkinga abhekene nayo. √/
- Ukukhula kodweshu kuyamthinta endabeni yonke. √/
- Zonke izigameko zizungeza kuyena kusuka indaba iqala ize iyophetha. √/
- Uma engakhishwa kule noveli indaba ngeke iqhubeke. √ (2)

1.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ngicabanga ukuthi wayengathembekile ngoba:
- Wayeqonywa yizintombi ezahlukene ngesikhathi esebenza emkhunjini waze watheleleka ngesifo sengculazi. √√/
- Isenzo sakhe sokulala nezintombi ezahlukene sasibeka bonke abantu ayethendana nabo engozini yokungenwa izifo zocansi. √√/ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.11 Wayinikeza imithi √/ intando√/ amabhodlelana amabili √ (1)

1.12 UButhelezi. √ (1)

1.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bobabili bayizinyanga ezilapha ngamakhambi esintu. √√/
- Bobabili babesebenza ngabantu. √√/
- Bobabili baqala ngokumhlolela uSandanezwe ngaphambi kokumelapha.√√/
- Bobabili bazama ukulapha uSandanezwe kodwa behluleka. √√ (2)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali wale noveli usivezela ukwethembeka kukaNokulindela owahlala elinde isoka lakhe elalingabhali limazise ngokuqhubeka empilweni yalo. √/
- UZondiwe wayethembekile kumzala wakhe uSandanezwe wameseka kwaze kwaba sekugcineni. √/
- Umama kaSandanezwe wayethembekile enkolweni yakhe yobuKristu, engaguquguquki kulokho akholelwa kukho. √/
- USebenzile wayethembekile ngoba walinda isoka lakhe uKhumbulani yize lase lihambe isikhathi eside lingabhali. √/
- Umnumzane wayethembekile ngoba walithetha ngobuqotho icala loZabalaza noNomgedla lokuthakatha uNokulindela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.15
- Emva kokuba uZabalaza nezinsizwa zangakubo behlekise ngokugula kukaSandanezwe, ngosuku uSandanezwe ahlangana ngalo noZabalaza esehamba yedwa bahilizisana bagcina ngokulwa. Lokhu kulukhulisa ngesivinini udweshu. √/
- Ngenxa yokuthi uZabalaza wehlulwa uSandanezwe ngesikhathi belwa ngezinduku, uZabalaza wathatha isinqumo sokuziphindiselela kuSandanezwe ngokufakela uNokulindela umuthi wentando lokhu kwadala ukuthi uNomgedla axoshwa uMchunu. Lokhu wakwenza ngoba efuna ukubhidliza uthando lwabo okwenza ukuthi kulukhulise ngesivinini udweshu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangiyomeluleka ngokuthi:

- Akehlise umoya alinde lokho azokuzwa ngesoka lakhe angalaleli muntu omunye omtshela ngalo. √/
- Akabe nokuzethemba angasheshi alahlekelwe ithemba ngesimo abhekene naso. √/
- Akabonisane nomama wakhe ngoba naye angameluleka ngeziyalo ezakhayo. √/
- Akaqhubeke alinde isoka lakhe njengoba nami ngilinde elami isoka uKhumbulani. √/
- Akashiye phansi aqhubeke nempilo yakhe. √/
- Uma esenesiqiniseko sokuthi uSandanezwe uphethwe yingculazi kuyoba kuhle ukuthi amshiye ukuze asindise impilo yakhe. √/
- Akasebenzise ijazi lomkhwenyana. √/
- Ayohlola isimo sakhe sempilo emtholampilo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

1.17 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abathi kuyisenzo esibi bayothi sibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ukungamtsheli iqiniso kwenza uSandanezwe ahlalele ethembeni elingekho lokuthi uzolapheka. √/
- Ngalesi sikhathi ehleli kwaNonkamfela isifo sasiqhubekela phambili kunokuthi sidambe. √/
- Wamchithela isikhathi ngoba ukube washeshe walazi iqiniso wayezohamba ayozama usizo lokwelashwa kwenye indawo √/
- Wamumoshela imali ngoba ukube washeshe walazi iqiniso wayengeke akhokhele usizo angalutholanga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

Abathi kuyisenzo esihle bayothi sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- USandanezwe wayengalahlekelwa yithemba ukuthi inyanga abebeke kuyo wonke amathemba akhe ingeke isakwazi ukumelapha. √/
- Kwakungathunaza igama lakhe uNonkamfela ukuthi kunesifo ahlulekayo ukuselapha. √/
- Kwakungadala ingxabano phakathi kwabo, uSandanezwe agcine esefuna ukubuyiselwa imali yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.18 Umbhali umqambe kahle umlingiswa onguNokulindela ngoba:

- Igama lakhe lihambisana kahle nalokho okwenzeka emndenini wakhe ngaphambi kokuba azalwe, emuva komshado kwabathatha isikhathi eside abazali bengabatholi abantwana baze bathola yena nokuyiyona ngane yabo kuphela. Bamqamba leli gama ngoba babemlindele eside isikhathi. √√/
- UNokulindela walilandela igama lakhe ngoba wakwazi ukulinda uSandanezwe isoka lakhe elaligula. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2**

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 Yingoba wayefundisa izingane zakhe. √ (1)

2.2 Wahlaselwa ukufa. √ √ (2)

2.3 UManyoba washiya umsebenzi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesabela impilo yakhe emuva kokubona amadoda amane ephosa enye indoda emgodini√/
- Impilo yakhe yayingasaphephile ngenxa yokuthi la madoda ambona abe esemjaha efuna ukumbulala √/
- Wayengeke akwazi ukuwabophisa la madoda ngoba wayengawabonanga kahle ukuthi angobani. √ (2)

2.4
- Wayesebenza ngokuzikhandla. √
- Wayengalibali ukukhuluma izindaba ngesikhathi somsebenzi.√ (2)

2.5 B√/Ukugwazeka ngaphakathi emzimbeni. √ (1)

2.6 2.6.1 B√/ Indodakazi kaManyoba.√ (1)

2.6.2 D√/ UMaGatsheni.√ (1)

2.6.3 A√/ Inkosi yesizwe saseMaChunwini.√ (1)

2.6.4 C√/ Ushade noMaNgubane.√ (1)

2.7 Kwavele kwafana kwangaba nalushintsho. √√/Isimo saqhubeka nokuba sibi.√√ (2)

2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayengafuni ukuthi izingane zakhe zisebenze isithupha. √√/
- Wayefuna ukuthi izingane zakhe zifunde ngoba zazingeke zilithole ithuba lokufunda ukuba zazihlala epulazini. √√/
- Wayefuna ukuba nendawo enkulu ethi yena ukuze akwazi ukufuya nokulima.√√ (2)

2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indaba yonke kusukela ekuqaleni esingenisweni ikhuluma ngaye nenkinga abhekene nayo. √/
- Ukukhula kodweshu kuyamthinta endabeni yonke. √/
- Zonke izigameko zizungeza kuyena kusuka indaba iqala ize iyophetha. √/
- Uma engakhishwa kule noveli indaba ngeke iqhubeke. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ngicabanga ukuthi wayethembekile ngoba:
- Wakwazi ukuhlala alinde uManyoba ngesikhathi eyosebenza. √√/
- Akazange abe nobunye ubudlelwane. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.11 Yingoba uMaNdlovu wathatha iketela elinamanzi abilayo efuna ukumthela ngawo. √ (1)

2.12 UMchunu. √ (1)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bobabili bangamadodana kaManyoba. √√/
- Bobabili bafunda befundiswa nguyise baze baba neziqu. √√/
- Bobabili basebenza kahle, uFanyana unguthisha; uBheki ungumcwaningi wamabhuku ezinkampanini ezinkulu. √√/
- Bobabili bangenelela ngenkathi kuhlukaniswa abazali bengahambisani nalowo mbono wabafowabo. √√/
- Bobabili banemizi edolobheni. √√ (2)

2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukubekezela kukaManyoba esebenza isithupha aze ayothola umsebenzi ongcono eGoli. √/
- Amadodana kaManyoba abekezela esikoleni aze aqeda. √/
- UMaNdlovu wabekezela ngesikhathi ethandana noManyoba kwaze kwafika isikhathi sokuthi amlobole. √/
- UMaNdlovu wabekezelela umakoti wakwakhe owayengathandi ukuba athandaze emzini wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngesikhathi uMaNene etshela uFanyana ukuthi akathandi uMaNdlovu athandaze emzini wabo, kwaba nokuphikisana phakathi kwabo. √/
- Silukhulisa ngesivivini udweshu lwangaphandle phakathi kukaMaNene noMaNdlovu ngoba base behlala ngokuxabana njalo kungasekho ukuthula. √/
- Ingxabano phakathi kukaManene noMaNdlovu yaze yangenwa nawuThembaluhle owayekhombisa ukungamhloniphi ugogo wakhe. √/
- Abanye omakhelwane bakaFanyana babengasamthandisisi kahle ngenxa yalesi senzo sikaMaNene sokuhlukumeza umamezala wakhe. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyothi abaphathe kahle umuntu omdala ngoba lokho kungabalethela izibusiso empilweni. √/
- Ngangiyothi abathole izinto ezimjabulisayo uMchunu ukuze bamazi kangcono njengobaba wabo. √/
- Ngangiyothi abenze umzamo wokuthi uMchunu noMaNdlovu bahlale ndawonye. √/
- Ngangiyothi kumele uMchunu noMaNdlovu babuyele ekhaya labo, amadodana abo abalethele ukudla nyanga zonke. √/
- Ngangiyothi abamnakekele, bamwashele ahlale ehlanzekile. √/
- Ngangiyothi abamthengele amaphephandaba ukuze ezofunda angabi nesizungu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

2.17 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abathi kuyisenzo esihle bayothi sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uma sebelotsholelwe basuke bezokwazi ukukhulisa umndeni. √/
- Indodana ingashesha ukushadelwa yize ingenawo amandla. √/
- Kungaba isibonelo esihle emadodaneni nawo enze njalo esizukulwaneni esizayo. √/
- Indodana ingaba nemali eyanele yokuthi iziqalele owayo umuzi emva kokushada. √

**NOMA**

Abathi kuyisenzo esibi bayothi sibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Akuwafundisi amadodana ukukwazi ukuzimela√/
- Kufaka ingcindezi kuloyo olotsholelwayo ngoba kungenzeka ukuthi usuke engakakulungeli ukushada nokuqala umndeni. √/
- Amadodana ngeke abe nokuwazisa lowo mshado. √/
- Amadodana ngeke athole ukuhlonishwa amakhosikazi awo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.18 Umbhali umqambe kahle umlingiswa onguThembaluhle ngoba:

- Igama lakhe lihambisana kahle nezifiso nethemba lokuthi ekukhuleni kwakhe uzokwenza izenzo ezinhle ezizojabulisa abazali bakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayephatheke kabi ngokusha kwezimpahla zakhe. √/
- Wayecabanga ukuthi unina wakhe uzothini uma ezovakashelwa uTholakele. √ (1)

3.2 Wacasulwa uhleko lukaSifiso. √√ (2)

3.3 UBhekani wayengathandi ukuya ezangomeni ngoba:
- Wayebona ukuthi ukuhambela abantu ababonayo kuzomehlisa isithunzi njengothisha. √/
- Wezwa ngomngani wakhe ukuthi kunesangoma owawuthi uma uqala ukufika kuso sikubalele bonke abantu abakhulu esesake sabasiza. Ngakho-ke wayengafuni ukuthi naye angene kulabo ababalwa yisangoma.√ (2)

3.4
- Wayengakwazi ukusisebenzisa. √
- Wayengeke akwazi ukusifihlela uTholakele ngoba wayengumuntu oqaphelisisayo.√ (2)

3.5 B√/Imbelesele. √ (1)

3.6 3.6.1 B√ / Unguthisha. √ (1)

3.6.2 D√ / Usebenza noBhekani. √ (1)

3.6.3 A√ / Akezwani nento ebhedayo. √ (1)

3.6.4 C√ / Udayisa izibhamu/oqhwasha. √ (1)

3.7 Zonke izinto zihamba kahle√√/ azikho izinkinga. √√ (2)

3.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UTholakele wayesaba ukuthi uyise uzotshela abakhongi bayomlobola emzini lapho ayegane khona. √/
- UTholakele, uZenze noPamella babefuna ukuzithathela bona ilobolo bayozidlela. √/
- UTholakele wayefuna ukuthi kuqolwe uBhekani ngokubiza imali enkulu yelobolo. √/
- Wayesaba ukuthi abakubo babengeke balemukele ilobolo njengoba wayesazilile. √/
- Wayesaba ukuthi abakubo bazomphindisela emzini ukuze angenwe uBhatomu. √ (2)

3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indaba yonke kusukela ekuqaleni esingenisweni ikhuluma ngaye nenkinga abhekene nayo. √/
- Ukukhula kodweshu kuyamthinta endabeni yonke. √/
- Zonke izigameko zizungeza kuyena kusuka indaba iqala ize iyophetha. √/
- Uma engakhishwa kule noveli indaba ngeke iqhubeke. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abanye bayothi:
Ngicabanga ukuthi wayengathembekile ngoba:
UBhekani wayethandana noLindiwe noTholakele ngesikhathi esisodwa. √√

**NOMA**

Abanye bayothi:
Ngicabanga ukuthi wayethembekile ngoba:
- Konke uBhekani akusho kusukela eqala ebona uTholakele wakufeza njengoba kwaze kwafika ilanga lomshado. √√/
- Akamfihlelanga uLindiwe ukuthi uyashada ngenkathi emcela ukuthi amvumele eze emshadweni wakhe. √√/
- Akabafihlelanga bonke ababengathandi ukuthi ashade uTholi (unina, umalume nozakwabo) ukuthi ufuna ukushada nomuntu amthandayo. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukungafiki kukamakoti ngesikhathi. √/
- Ukungabiki kwabo (oTholakele) uma kukhona ingxaki. √/
- Ukumemeza kukayise kaTholakele ebuza ngelobolo lalo makoti. √ (1)

3.12 UPamella. √ (1)

3.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bobabili babengahambisani nokuthi uBhekani ashade noTholakele. √√/
- Bobabili babekholelwa kakhulu emasikweni esintu. √√/
- Bobabili babengamalungu omndeni kaBhekani. √√ (2)

3.14
- Umbhali wale noveli usikhombisa umlingiswa onguTholakele othanda imali kakhulu, uze aboleke imali eyizinkulungwane ezintathu kuBhekani nokwaphetha ngokuthi angayibuyisi. √
- Ngakolunye uhlangothi uTholakele, uZenze noPamella nabo bakhombisa uthando lwemali ngoba babedayisa izidakamizwa benza nobugebengu bemali yomgunyathi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Emuva kokulwa noBhatomu, uBhekani waba nentshisekelo enkulu yokufuna ukushada noTholakele lokho kwakhulisa ngesivinini udweshu. √/
- Ngesikhathi uBhatomu elwa noBhekani kwaze kwaphuma nomakhelwane bezolamula. √/
- Ngesikhathi uBhekani ephuma ukuyobona uTholakele esibhedlela wahlaselwa uBhatomu nabangani bakhe. Wasindiswa ukubaleka. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ngangiyothi angalilahli ithemba ngoba kungenzeka agcine ebuya uyise wengane. √/
- Ngangiyothi akaqhubeke nomsebenzi ukuze akwazi ukondla ingane yakhe. √/
- Ngangiyothi angalilahli ithemba ngoba impilo ingaqhubeka yize engekho uyise wengane. √/
- Ngangiyothi angakukhipheli ukudinwa kwakhe enganeni ngenxa yesenzo sikayise. √/
- Ngangiyothi akadlulele phambili kungenzeka agcine emtholile umuntu ongubambo lwakhe. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

3.17 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abathi kuyisenzo esihle bayothi sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abazali basuke sebenesipiliyoni sasemshadweni. √/
- Abazali basuke benolwazi olunzulu ngezinto ezilungele izingane zabo. √/
- Ezinye izingane zihlala nabazali bazo uma sezishadile ngakho-ke kuyasiza ukuthi abazali babe nezwi mayelana nohlobo lomuntu abangathanda ukuhlalisana naye. √/
- Esizweni sabantu abamnyama indaba yomshado akuyona into yomuntu oyedwa, into ehlanganisa umndeni wonke ngakho-ke kuyasiza ukuthola uvo lwabazali. √

**NOMA**

Abathi kuyisenzo esibi bayothi sibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Asifundisi izingane ukwazi ukuzimela. √/
- Kufaka ingcindezi ezinganeni ngoba zisuke zizibone ziphoqekile ukuhlala nomuntu ezingamthandi. √/
- Izingane ngeke zibahloniphe abantu abashade nazo ngenxa yokuthi labo bantu basuke bekhethwe abazali bazo. √/
- Isisekelo somshado uthando. Uma lungekho uthando lowo mshado ufana nento efile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.18 Umbhali umqambe kahle umlingiswa onguZenze ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UZenze uqhasha njengezenze utholakala yonke indawo. √√/
- UZenze uncinza uBhekani izimali njengezenze. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 4.1.1 Iqiniso √ (1)

4.1.2 Akulona iqiniso √ (1)

4.1.3 Iqiniso √ (1)

4.1.4 Akulona iqiniso √ (1)

4.2
- UDlamini wafika nesigejana samadoda lapho kwakubanjelwe khona umhlangano wentuthuko ngenhloso yokuzosabisa abantu. √/
- Ngesikhathi uMbandlwa ephumela ngaphandle eyobiza abantu ukuba bangene emhlanganweni, uDlamini washaya uMbandlwa ngenduku ekhanda. √ (2)

4.3 A √/Ukubuza into esobala.√ (1)

4.4 4.4.1 C√/ Unogada wenkosi. √

4.4.2 D√/ Umhlangano wentuthuko. √

4.4.3 B√/ Umfundisi wendawo. √

4.4.4 E√/ Lwalungafakwa lubuya nodaka. √

4.4.5 A√/ Inkosikazi kaDlamini.√ (5)

4.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Isimo sezombusazwe yisona esadala ukuthi kube nokushayisana phakathi kwabaholi endaweni. Ikhansela elalikhethwe ngokwentando yeningi lalizibona lingcono kunenkosi ngakho-ke lalingazimisele ukuthathisa enkosini uma lizoba nemihlangano.√√/
- Isimo sezombusazwe yisona esaba nomthelela wokuthi abantu bahlukane phakathi; kwakukhona uhlangothi oluhambisana nenkosi kanti olunye uhlangothi lwalweseka ikhansela.√√/
- Isimo sokuthi abaholi babevuma ukulawulwa amashoshozela sadala ukuthi lungabi khona uzinzo kule ndawo. √√/
- Ngesikhathi kungena intando yeningi uHulumeni akazange azihluphe ngokushaya umthetho omayelana namandla amakhosi ezindaweni zasemakhaya. Lokhu kwenza ukuthi kube nokushayisana phakathi kwenkosi uShandu nekhansela uDuma. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMbandlwa ungumqhathi noma ishoshozela kulo mdlalo. √/
- UMbandlwa wayesebenzisa isikhundla sakhe sokuba unobhala wekhansela ukuhlohla uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi uShandu. √/
- UMbandlwa noDuma babebamba imihlangano endaweni yenkosi ngaphandle kokuyazisa, lokhu kwakudala udungunyane esizweni senkosi.√/
- UMbandlwa wayegqugquzela udlame nokungezwani esizweni senkosi. √ (2)

4.7 4.7.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya ngoba kukhona abaholi bendabuko okuyinkosi nezinduna zayo.√/
- Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya ngoba intuthuko ayibonwa abantu abanabo ompompi bamanzi nomgwaqo wakhona uwubhuqu. √/
- Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya ngoba abantu abawakhokheli amaleyithi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.7.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi usivezela okwenzeka ngaphambi kokuba umdlalo uqale, ugcwalisa izikhala ngokusilandisa kabanzi ngomlingiswa othile. √/
- Umlandi usichazela ngesimo senkundla okudlalelwa kuyo aphinde asinikeze nemiyalelo yokwenzeka enkundleni.√/
- Umlandi usebenzisa amagama akubakaki/imiyalelo yasenkundleni abhalwe ngomalukeke ukusichazela ngesimo sabadlali neminyakazo yabo ngesikhathi bekhuluma. √ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.8 Basemzini wenkosi uShandu.√ (1)

4.9 UDlamini√/Induna yenkosi√/Umkhwenyana kaMaMsomi√ (1)

4.10
- Kufa abantu, uDlamini ubulawa kabuhlungu nomndeni wakhe wonke kwaze kwashiswa nomuzi wakhe. √/
- UMbandlwa naye uyashona ngenxa yalolu dlame oluqhubeka endaweni kanti uDuma usinda ngokulambisa abantu befuna ukumsoconga. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayeqonde ukuthi into eyenza uDuma ahluleke ukwenza umsebenzi wakhe ngempumelelo ukungawuqondi umehluko phakathi kwendawo yasemakhaya neyaselokishini. √√/
- Amakhansela aphethe ezindaweni zasemakhaya isimo siyawaphoqa ukuthi asebenzisane namakhosi ekuletheni izinhlelo zentuthuko endaweni. √√/
- Amakhansela asebenzela ezindaweni zasemalokishini ayakwazi ukuzithathela izinqumo ngaphandle kokuxhumana nabanye abaholi endaweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.12 Uvuthondaba lulapho kunomhlangano wokuthelelana amanzi. UMfundisi uMazongolo wayephethe lowo mhlangano. Inkosi yayisesibhedlela ngalolu suku yingakho-ke yabhala incwadi eyafundwa kulo mhlangano. Kulo mhlangano osopolitiki, isikhulu sikaHulumeni kanye nesizwe sonke bavumelana ngokuthi kube khona uxolo. √√ (2)

4.13 Ukuziphatha kukaDuma akuhambisani nendlela umholi okhethwe ngabantu okumele aziphathe ngayo ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayengesona isibonelo esihle kubantu abaholayo. √√/
- Wayengabahloniphi abanye abaholi abakhona endaweni. √√/
- Wayengafuni ukulalela imibono ephambene nalokhu okwakucatshangwa uyena. √√/
- Wayevumela ukulawulwa ngunobhala wakhe uMbandlwa engaboni noma esemdukisa. √√/
- Wayengenandaba nokuchitheka kwegazi endaweni. √√
- Wayengabalaleli abantu abasezikhundleni eziphezulu enhlanganweni yakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.14 Angivumelani ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Esingenisweni salo mdlalo uMaShezi ukhombisa ngokusobala ukuthi akayihloniphi inkosi ngoba unenkolelo yokuthi amakhosi asephelelwe yisikhathi. √√/
- UMaShezi uhlohla uDuma ukuthi angaceli enkosini uma ezobiza umhlangano. √√ (2)

4.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Umbhali uwuphethe kahle ngovuthondaba lo mdlalo njengoba uphethe sekunomhlangano woxolo.√/
- Umbhali wenze isiqiniseko sokuthi inkinga yommeleli eyethulwe esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni salo mdlalo.√/
- Umbhali uphumelele ukuwuphetha kahle lo mdlalo ngoba akasishiyanga nemibuzo eminingi engaphendulwanga.√/
- Umbhali uphumelele ukuwuphetha kahle lo mdlalo ngoba ukwazile ukusishiya nomyalezo wokubekezelelana ukuze intando yeningi isebenze.√

(3)
**[35]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 5.1.1 Iqiniso√ (1)

5.1.2 Akulona iqiniso√ (1)

5.1.3 Iqiniso√ (1)

5.1.4 Akulona iqiniso√ (1)

5.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwafika uSonto endlini yesonto lapho kwakuhlala khona uMfundisi, esengaphakathi wakhipha isibhamu wafuna imali yomnikelo ngenkani kuMfundisi. √/
- Emuva kokuba uSonto eyitholile imali wadubula uMfundisi wamshiya ezitshela ukuthi ushonile. √/
- Ngenxa yokuthi abomthetho babenenkolelo yokuthi uMaNsibande nguye owagcina ukubona uMfundisi ngobusuku adutshulwa ngabo bathatha isinqumo sokumbopha. √ (2)

5.3 A√/ukukhala kakhulu.√ (1)

5.4 5.4.1 C√/ Umfundisi wendawo. √

5.4.2 D√/ Isigebengu. √

5.4.3 B√/ Ingane kaMbhele. √

5.4.4 E√/ Wayesebenza ebhange. √

5.4.5 A√/ Umakhelwane kaMbhele. √ (5)

5.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isimo sokuthanda imali ngokweqile senza ukuthi uSonto aqashe uMthofi ukuba ambulalele uMaNtuli ukuze kungene yena emafutheni/emalini. √√/
- Isimo sokuthanda imali ngokweqile senza ukuthi oMthofi bavumele phezulu uma beqashwa ukuyosoconga uMbhele. √√/
- Isimo sokuthanda imali ngokweqile senza ukuthi uDlamini antshontshe imali ayayifihlwe uSonto egcekeni lakwakhe. √√/
- Isimo sokuthanda imali senza ukuthi uDlamini acele imali njalo uma esiza uMbhele. (2)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNhleko ubambe iqhaza lokuba ngumseshi onesineke somsebenzi wakhe.√/
- UNhleko ungumseshi owenzisisayo umsebenzi wakhe, uyakwazi ukulandela abasolwa lize liphume lonke iqiniso.√/
- UNhleko ubambe iqhaza elikhulu lokwenza isiqiniseko sokuthi bonke abenzi bobubi bayajeza.√/
- UNhleko ubambe iqhaza lokuqeda nya ngobugebengu kule ndawo okuhlala kuyo abakwaMbhele.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.7 5.7.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni ngoba imizi isondelene, uDlamini wayekwazi ukubona yonke into eyenzeka kwaMbhele ebe ekwakhe. √/
- Kunobugebengu obuningi obuvamise emadolobheni.√/
- Ngesikhathi uSonto etshela uZinhle ukuthi usezoya kohlala kwagogo, uZinhle waphendula ngokuthi akathandi ukuyofunda emapulazini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.7.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umlandi usivezela okwenzeka ngaphambi kokuba umdlalo uqale, ugcwalisa izikhala ngokusilandisa kabanzi ngomlingiswa othile. √/
- Umlandi usichazela ngesimo senkundla okudlalelwa kuyo aphinde asinikeze nemiyalelo yokwenzeka enkundleni.√/
- Umlandi usebenzisa amagama akubakaki abhalwe ngomalukeke ukusichazela ngesimo sabadlali neminyakazo yabo ngesikhathi bekhuluma.√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.8 Kubo kaSonto√/KwaMaMkhize√ (1)

5.9 Unina kaSonto√/Umkhwekazi kaMbhele√/Ugogo kaZinhle√ (1)

5.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isimo sibi kule ndawo, kunobugebengu; uSonto wathenga uMthofi ukuthi abulale inkosikazi kaMbhele yokuqala uMaNtuli. √/
- UMbhele wadutshulwa emva kwalokho washiswa waba ngumlotha. √/
- USonto wadubula uMfundisi owagcina ngokushona. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.11 UMaNsibande wayeqonde ukuthi njengoba uMfundisi wayesephapheme esibhedlela wayesezokwazi ukukhuluma iqiniso, asho ukuthi wadutshulwa ngubani.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.12 Uvuthondaba lulapho uNhleko efica uMthofi noToronto besemzini kaSonto wakwazi ukuthola iqiniso lonke ngalokhu okwakubahlanganisa noSonto. √√ (2)

5.13 Ukuziphatha kukaMthofi akuhambisani nendlela umuntu ophume ngoshwele ejele okufanele aziphathe ngayo ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Waqhubeka nobugebengu okuwuphawu lokungawuhloniphi umthetho. √√/
- Emva kokuphuma kwakhe ejele wahamba wayosabisa uSonto ngesibhamu. √√/
- Wabulala uMbhele yize ayephume ngoshwele ejele. √√/
- Wayengena emzini kaMbhele elengise isibhamu. √√ (2)

5.14 Angivumelani ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Esingenisweni salo mdlalo uSonto uxabana noMthofi bebanga ukuthi akayikhokhanga imali yakhe emva kokumthuma ukuthi abulale uMaNtuli.√√/
- Emva kokuphuma kukaMthofi emzini kaSonto ngalolu suku ayezobasela ngalo imali yakhe, kwafika uMbhele ezobuza ngendoda eyabe ingene nesibhamu emzini wabo. USonto akalikhulumanga iqiniso kumyeni wakhe.√ (2)

5.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo njengoba uSonto alichaza lonke iqiniso kunina, naye uSonto wavela enkantolo emva kwezinyangana wagwetshwa udilikajele.√/
- Umbhali wenze isiqiniseko sokuthi yize inkinga yommeleli eyethulwe esingenisweni ingaxazululekanga esiphethweni salo mdlalo, kodwa bonke abenzi bobubi bagcina bevele obala.√/
- Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo ngoba akasishiyanga nemibuzo eminingi engaphendulwanga.√/
- Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo ngoba ukwazile ukusishiya nomyalezo wokuthi ukuthanda imali ngokweqile kunemiphumela emibi.√ (3)

**[35]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 6.1.1 Iqiniso √ (1)

6.1.2 Akulona iqiniso √ (1)

6.1.3 Iqiniso √ (1)

6.1.4 Akulona iqiniso √ (1)

6.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe wayehamba noSipho ngasezitolo. Kwaqhamuka uDumisani wathi ufuna ukukhuluma noThenjiwe ngenkani. √/
- Kwagcina sekunengxabano phakathi kukaThenjiwe noDumisani. UThenjiwe wayedinwa ukuthi uDumisani wayemubamba ngenkani. √/
- UThenjiwe wacosha itshe washaya ngalo uDumisani ekhanda. √/
- USipho walamula ngokukhipha ummese wagwaza uDumisani. √ (2)

6.3 A√/ukucabanga ngezinkinga zakho.√ (1)

6.4 6.4.1 C√/ Umakhelwane kaMaMbatha. √

6.4.2 D√/ Umama kaNondumiso. √

6.4.3 B√/ Ingane kaZungu. √

6.4.4 E√/ Balenza isiko lokungenwa. √

6.4.5 A√/ Washona ngodlame.√ (5)

6.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe wayehlezi kahle noMaMbatha kungakakhulunywa indaba yesiko lokungenwa.√√/
- Emuva kokuba kukhulunywe ngesiko lokungenwa kwaqala ukungqubuzana phakathi kwabalingiswa. √√ (2)

6.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMondise ubambe iqhaza lokuba ngubaba kaThenjiwe okholelwa kakhulu esikweni lokungenwa. √/
- UMondise uyazibhebhethekisa izinkinga zikaThenjiwe ngoba umtshela ukuthi kumele alivume isiko lokungenwa.√/
- UMondise ubambe iqhaza lokuchazela uThenjiwe kabanzi ngesiko lokungenwa.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.7 6.7.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya.√/
- Kule ndawo abantu basababambelele emasikweni. √/
- Umuzi unezindlu ezihlukahlukene njengomuzi wakwaZungu.√/
- Kugezelwa izitsha ngaphandle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.7.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi usivezela okwenzeka ngaphambi kokuba umdlalo uqale, ugcwalisa izikhala ngokusilandisa kabanzi ngomlingiswa othile. √/
- Umlandi usichazela ngesimo senkundla okudlalelwa kuyo aphinde asinikeze nemiyalelo yokwenzeka enkundleni.√/
- Umlandi usebenzisa amagama akubakaki abhalwe ngomalukeke ukusichazela ngesimo sabadlali neminyakazo yabo ngesikhathi bekhuluma.√

(2)

**KANYE**

6.8 Basezitolo√ (1)

6.9 Umngani kaThenjiwe.√ (1)

6.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Isimo sibi kulo mndeni wakwaZungu njengoba babesanda kushiywa indodana yabo uSikhumbuzo/uMntungwa. √/
- Isimo siphinde sibe muncu emndenini wakwaZungu ngesikhathi indodana yabo uDumisani igwazwa nguSipho. √/
- USipho waboshelwa icala lokonisa uThenjiwe emzini waze washonela ejele. √

(2)

6.11 UNondumiso wayeqonde ukuthi into emenze wazifikela ngokwakhe kwaZungu ukuzobabonisa ukuthi bathatha ngesinxele uma bephoqa uThenjiwe ngendaba yesiko lokungenwa. Yena unombono wokuthi isiko lisebenza kahle uma kuzoba khona ukuvumelana. √√ (2)

6.12 Uvuthondaba lulapho sekuhlangene umndeni wakwaManzini nowakwaMondise kuzoboniswana ngodaba lukaThenjiwe lokufakela uDumisani ushevu etiyeni nokuyilapho uThenjiwe avuma khona ukungenwa ukuze kugqibeke isenzo sakhe sokuzama ukubulala uDumisani.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.13 Ukuziphatha kukaMaMbatha akuhambisani nendlela umuntu ongumamezala okufanele aziphathe ngayo ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Akamnikezanga uThenjiwe isikhathi sokuzilela umyeni wakhe owayedlulile emhlabeni. √√/
- Waphoqa uThenjiwe ukuba angenwe indodana yakhe uDumisani.√√/
- Wayengamhloniphi uThenjiwe ngoba wayembiza ngomdlwembe, ekubeni uThenjiwe wayelwela ilungelo lakhe. √√/
- Wayengenandaba nempilo kaThenjiwe ngoba wayengahambisani nokuthi uZungu ayombheka ngesikhathi ehambile waya kubo. √√/
- Wayehamba etshela abantu ukuthi uThenjiwe awagwaza uDumisani. √√/
- Ngesikhathi efika kwaMondise wabatshela ukuthi uDumisani ugwazwe isoka likaThenjiwe. √√ (2)

6.14 Angivumelani ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Esingenisweni salo mdlalo sithola uThenjiwe ekhuluma yedwa ebalisa ngodlame olumthathele uMntungwa. Kuyo le nkulumo yakhe uyasho ukuthi ufisa sengathi abasemzini bangemtshele ngendaba yokungenwa ngoba akayifuni. √√/
- Esingenisweni sendaba uThenjiwe uyasho ukuthi uncamela ukuze afe engumjendevu kunokuba angavuma ukungenwa. √√/
- Ngesikhathi uThenjiwe exoxa noThabi esingenisweni salo mdlalo, uThabi wayihlokoloza indaba yokuthi umndeni wakwaZungu kumele umyalele ukuba angenwe uDumisani. Le nkulumo kaThabi yamthukuthelisa kakhulu uThenjiwe ngoba wayengahambisani nayo. √√ (2)

6.15

- Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo njengoba uThenjiwe noDumisani bagcina sebethandana futhi bencokolisana kamnandi. √/
- Umbhali wenze isiqiniseko sokuthi yize inkinga yommeleli eyethulwe esingenisweni ingaxazululekanga esiphethweni salo mdlalo kodwa abafundi kukhona izifundo eziningana abazitholile ngokufunda lo mdlalo. Esinye sazo esokuthi ikusasa alaziwa kanjalo nezimo ziyaguquguquka emhlabeni esiphila kuwo.√/
- Umbhali uphumelele ukusethulela kahle isiphetho ngoba akasishiyanga nemibuzo eminingi engaphendulwanga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

### UMBUZO 7

7.1 **'AMATHUNZI EZINTABA' – NAP Khumalo**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Iminyaka emihlanu.√ (1)

7.1.2 Wabavuthulula bonke enganginabo ngentobeko nangokubekezela kwakho.√√ (2)

7.1.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umxoxi watshela uNomkhosi ukuthi uzothumela abakhongi. √√/
- Umxoxi watshela uNomkhosi ngokujula kothando ayemthanda ngalo.√√ (2)

7.1.4 Phansi komnyezane enhla nomthombo wamanzi.√√ (2)

7.1.5 C√/abamela umkhwenyana uma kuxoxwa ngelobolo.√ (1)

7.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkosi yasesigodini yakhetha ukuba imhlawulise uSiziba ngalesi sigameko esenzeka kuNomkhosi. √/
- USiziba uyazisola ngokuthi uyena owaba imbangela yokushona kukaNomkhosi, ingoduso yakhe. √/
- USiziba ucabanga ukuthi ukuba uNomkhosi wayenikwe ithuba lokukhuluma wayezomsola kakhulu ngalesi senzo sakhe sokumethusa. √/
- USiziba ufikelwa usizi uma ecabanga ukuthi akasayophinde amthole owesifazane oyofana noNomkhosi. √ (2)

7.1.7 Izimpendulo ziyokwehluka:
Abavumayo bayothi:
Kwakufanele umxoxi ahlawuliswe ngoba waba budedengu ngokuthi wayeseke wambona ukuthi uNomkhosi ungumuntu osheshayo ukwethuka. Wambona ukuthi wathuka kanjani ngesikhathi benaye entabeni ethuswa yigundane. Kwakungasafanele enze into ezomethusa.√√

**NOMA**

Abaphikayo bayothi:
Kwakungafanele umxoxi ahlawuliswe ngoba wavelelwa yibhadi nje. Wayethi uyazidlalela nje kanti uNomkhosi uzothuka kabi wagcina ngokushona.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.8 Umbhali uwulandelile umgomo wenani labalingiswa bendaba ngoba inani aleqile kwababhlanu. Kule ndaba sithola uSiziba noNomkhosi kuphela. √√ (2)

7.1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umbhali ubefuna ukusifundisa ukuthi empilweni kufanele siyiqaphele into esidlala ngayo ngoba abantu abafani. Kungenzeka wenze into ngenhloso yokuzidlalela kanti leyo nto odlala ngayo ayihambisani nomunye umuntu√√/
- Umbhali ubefuna ukusifundisa ukuthi kubalulekile ukuthi umuntu othandana naye umazisise kahle. Uma umuntu othandana naye umazi kahle uba nolwazi ngezinto azithandayo nangazithandi.√√/
- Umbhali ubefuna ukusikhumbuza ukuthi yonke into esiyenzayo inomphumela wayo, ongaba muhle noma ube mubi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.10 Ulisesebenzise kahle isu lokujeqeza emuva ngoba esingenisweni usitshela ngokuhanjiswa kwezinkomo kwaMpanza ngenhloso yokuhlawula ngephutha alenzayo lokuthusa uNomkhosi okwaholela ekushoneni kwakhe. Uma esengena emzimbeni wendaba ubuyela emuva asilandise ngesigameko esaholela ekushoneni kukaNomkhosi. √√ (2)

**KANYE**

7.2 **'INGCEBO YEZICEBI NEZIMPOFANA' – MJ Mngadi**

**ISIQESHANA N**

7.2 7.2.1 UMgcineni√ noThandekile.√ (2)

7.2.2 Izisebenzi zazilendlula kabusha.√ (1)

7.2.3 Isoka likaValerie lazibulala.√√ (2)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Bavumelana ngokuthi bazovakashela abazali bakaMnu. McCall ayebalahle ekhaya labadala ngoba engenasikhathi sabo, bafike bababungaze ngothando. √/
- Bavumelana ngokuya emangcwabeni bayoxolisa kubo bonke laba bantu abaze bashona bebathanda kodwa bona bengabanakile. √/
- Bazoxebula negama likaValerie eminyangweni yokufa balinameke emisebenzini yothando neyempilo. √/
- Bazodayisa wonke ugwayi notshwala, imali yakho bayisebenzisele ukwelapha abantu abaguliswa ugwayi notshwala. √/
- Bazoyeka ukuzithwala kepha bathande wonke umuntu. √ (2)

7.2.5 Ngokwezithombe ayezibuka uValerie, abazali kanye nesoka lakhe base behlile emzimbeni. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Siyavela isixazululo sokuthi bobabili oMnu. McCall noValerie bafundile emaphutheni abo.√/
- Bathole ukuphumula emphefumulweni yabo ngoba bagcine bevezelene ukuthi bayathandana, siyababona besingathana, bangana bebuka izwe benakene.√/
- Isiphetho sale ndaba emfushane siqoqekile. Umbhali akasinikezanga imininingwane emisha esiphethweni sendaba emfushane. √/
- Umbhali akasishiyanga nemibuzo eminingi engaphendulekanga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

7.2.7 Indikimba yale ndaba, 'ukubaluleka komndeni' √ ngoba:
UMnu. McCall noValerie babenemali yokwenza noma yini ababengafisa ukuyenza kodwa abazange bakuthole ukujabula okuphelele ngoba babengenawo umndeni nabantu ababathandayo.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

7.2.8 Izimpendulo ziyohluka.
Abanye bayothi kubalulekile ukuba yisigwili kunokuba nomndeni okuthandayo ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Uma uyisigwili, unemali uyakwazi ukwenza noma yini oyithandayo ngesikhathi othanda ngaso.√√/
- Yonke into esikhathini samanje isidinga imali nawo umndeni awukuthandisisi futhi awukuhloniphi uma ungenayo imali. √√

**NOMA**

Abanye bayothi akubalulekile ukuba nomndeni okuthandayo kunokuba yisigwili ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kuyenzeka ube nayo imali kodwa ungakutholi ukujabula. √√/
- Baningi abantu abazibulalayo beyizigwili kodwa bangakutholi ukukhululeka emphefumulweni ngenxa yokuthi abanabo abantu bomndeni ababathandayo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

**UMBUZO 8:** ***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA*** **– EJ Mhlanga no JJ Thwala**

8.1 **NONKULULEKO – Nomthandazo C Makhanya**

8.1.1 (a) D√/ Utholakele. √ (1)

(b) C√/ Owesifazane omuhle.√ (1)

(c) A√/ Ukudideka.√ (1)

(d) B√/ Ubandlululo.√ (1)

8.1.2 Ufunw' ezintabeni nasemaweni
Ufunw' emagqumeni nasezigodini√
Ukuxhumana siqalo. √ (2)

8.1.3 Amagama AMABILI kwalandelayo:
- e-Afrika. √/
- e-Eshiya. √/
- eYurophu. √/
- eMelika. √ (2)

8.1.4 Nonkululeko ntokaz'enhle. √√ (2)

8.1.5 Umugqa OWODWA kwelandelayo:
- Sishay'indlamu, sichway'umchwayo. √√/
- Sisin'umphendu, sisin'umqokozo. √√ (2)

8.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imbongi ifanisa ukufika kwentokazi enhle enguNonkululeko nokuphuma kwelanga okuyokhanya ingunaphakade. √/
- Ukufika kukaNonkululeko kusho ukunqoba okuyohlala kukhunjulwa njalo. √/
- Ukufika kwentokazi enhle uNonkululeko abayincomayo ngobuhle bayo nokuphila kwakhe okuletha injabulo. √ (2)

8.1.7 Indikimba yale nkondlo inkululeko√ ngoba:
Imbongi ikhuluma ngokubaluleka kokuthi bonke abantu emhlabeni abaphile ngaphansi kwenkululeko, kuphele ukwesaba kanye nokubandlululana.√ (2)

8.1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Inhloso yembongi ukuzwakalisa imizwa yayo ngokufika kwenkululeko ebifunwa yonke indawo. √√/
- Inhloso yembongi ukuzwakalisa imizwa yayo ngokugubha ukufika kwenkululeko nokukhuthaza abantu ukuthi bayihloniphe, bayigcine futhi bayisebenzisele ukuthula, ubumbano nentuthuko. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 **SEZIBUYA INHLAZANE – SB Mlambo**

8.2.1 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Ukubuya kwezinkomo emini yasekuseni ngenhloso yokuthi kuzosengwa izinkomazi. √√/
- Ukuthola ulwazi. √√ (2)

8.2.2 Ukusengela ubisi emlonyeni. √√ (2)

8.2.3 Kusengwa amahinikazi√
Kusengwa izigqala. √ (2)

8.2.4 Yingoba kuyafundwa lapha esikhungweni semfundo kuzuzwe ulwazi. √√ (2)

8.2.5 Isifaniso. √ (1)

8.2.6 Uphawu lokuloba emgqeni we-18 lugcizelela ukudelelwa kwabafundi abaphokophelela impumelelo kuthiwa bayaziqhenya. √√ (2)

8.2.7 Umoya wethemba ngoba imbongi inikeza ithemba kulabo asebethole iziqu ukuba bangadikibali ngoba bazowuthola umsebenzi. √√ (2)

8.2.8 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Ukuzimisela. √/
- Ukubekezela noma kunzima. √/
- Ukusebenza kanzima. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.9 Ngiyavumelana ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Uma usufundile waphumelela, akekho ongathatha leyo mfundo kuwena. √√/
- Kwesinye isikhathi umuntu ofundile angewuthola umsebenzi awufundele, yize kunjalo kodwa iziqu zakhe zemfundo azisoze zashatshalaliswa ukuthi akawutholi umsebenzi. √√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**